



ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU(P3)

NOVEMBA 2021

IBANGA-10

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA ama -2

Leli phepha linamakhasi ayi-6

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B; Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)

ISIQEPHU C: imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.
6. Uhlaka alube sekhasini lwalo LODWA.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A : amaminithi angama-60
ISIQEPHU B: amaminithi angama -40
ISIQEPHU C: amaminithi angama -20
8. Ungazishitshi izinombolo zemibuzo, Zibhale njengoba zinjalo ephepheni.
9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.
10. Ungazibali izihloko lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngesandla esibonakalayo nangobunono.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama ayi -140 kuya kwangama -190.

QAPHELA; Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Lena kwaba imfihlo yami. (50)
- 1.2 Impucuzeko isisilahlise amasiko. (50)
- 1.3 Ukube ngangingajahanga.... (50)
- 1.4 Lena kwaba yinto engingayithandi empilweni yami (50)
- 1.5 Ubuhle nobubi bokwethemba abangani. (50)

Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba, yinike isihloko indaba yakho.

1.7



[sichashunwe.google.pics]

(50)

1.8



(50)

1.9



(50)

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama 80 kuya -100.

2.1 INCWADI YOMSEBENZI

UMphathi wesitolo Esizabantu unikele ngezihlalo zokuhamba (Wheelchairs) zabantu abakhubazekile endaweni. Umkhulu wakho ube ngomunye wabantu abanikwa lolu sizo, umndeni ube usukucela ukuba ubhale incwadi uwubongele.

Bhala incwadi yokubonga. (30)

2.2 UMLANDO NGOMUFI

Kushone ngokukhulu ukuzuma, umngani wakho uTholakele Mthembu obecula ekwayeni enayisungula, umndeni ube usukucela ukuba ubhale umlando ngomufi.

Bhala umlando ngomufi. (30)

2.3 INKULUMO ELUNGISELELWE

Umkhandlu weTheku unqume ukudiliza indawo egcina amagugu, ukuze wakhe izindlu zomxhaso, njengosihlalo wenhlangano yezokugcinwa kwamagugu namasiko kwaZulu Natali ube usucelwa ikomidi ukuba uyothula inkulumo emhlanganweni obizwe iMeya, ukuze uveze ukungahambisani nalesi sinqumo.

Bhala inkulumo ozoyethula emhlanganweni. (30)

2.4 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Endaweni yangakini kuzokwakhiwa uMtapo Wolwazi (Library), ikomidi lomphakathi lizohlangana mayelana nokwenza lo msebenzi.

Bhala i-Ajenda namaminithi omhlangano enibe nawo njengoba unguNobhala waleli komidi.

(30)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 ISIKHANGISI

Edolobheni langakini uvule ibhizinisi lokuthengisa izimfonyo nokokuvikela ukhuvethe.

Bhala isikhangisi ukhangise ibhizinisi lakho. (20)

3.2 IDAYARI

Umndeni wakho uhlele uhambo lwezinsuku ezintathu oluya Ekapa niyozijabulisa njengoba izwe lesesigabeni sokuqala ngaphansi kwemigomo yokhuvethe.

Bhala idayari yezinsuku ezintathu zalolu hambo. (20)

3.3 UMYALELO- IRESIPHI

Buka lezi zithombe ezilandelayo bese uzisebenzise ukubhala iresiphi yetshulu senyama yenkomo.



(20)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 100

